ISOLEZWE (KZN)
Friday, 27 March 2009, p. 15

Bafaka isandla ekusekeni izikole

BAWINILE NGCOBO

KUBUYE ithemba esikoleni iNdodembi Primary, eNdwedwe, ngesikhathi abakwa-Mngeni Water bezothula uhlelo lokufukamela lesi sikole ngaphansi kwamaphiko abo, i-Adopt-a-School Project.

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukulekelela uMnyango wezeMfundo ukuthi uthuthukise abafundi nothisha kanye nomphakathi owakhele lesi sikole.

Umcimbi wokwethulwa kwalolu hlelo ubuhanjelwe ngabazali namalungu omphakathi, abebemele uMnyango wezaManzi naMahlathi, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, owezoLimo neMvelo.

Isikhulu sakwaMngeni Water, uNksz Dudu Duma, uthe banohlelo oluqhubekayo ezifundeni ezahlukene KwaZulu-Natal kanti lolu hlelo kulo nyaka bekufanele bazolwethula esifundeni seLembe.

"Sikhethe lesi sikole emuva kokuthi omunye uthisha wakhona, uNkk Jabu Gwamanda, eze kithi wazosibikela ngezinto afisa sibasize ngazo, sabe sesiyafika sizozibonela," kusho uNksz Duma.

Uthe sebebonile ukuthi ziningi izinto ezingenziwa kulesi sikole njengoba izindonga sezixetshukelwa ngupende futhi benendawo enkulu engasetshenziswa okungatshalwa kuyo bese kusizakala namalungu omphakathi.

"Okugqamile wukuthi izingane eziningi kule ndawo azisafundi ngenxa yokuthi azisenabazali, yikho sigqugquzela amalungu omphakathi ukuthi nawo abe yingxenye yalolu hlelo aphose esivivaneni ngoba lolu hlelo luzosiza nomphakathi," kusho uNksz Duma.

Ukwethulwa kwalolu hlelo kuhlanganiswe nokugujwa kwenyanga yokunakekelwa kwamanzi.



IMENENJA yakwaMngeni Water, uNkk Sindi Shabalala (kwesokunxele), nothishanhloko waseNdodembi Primary, uNkk Busisiwe Magwaza, kwethulwa uhlelo i-Adopt-a-School Project

Lolu hlelo aluzukugcina ngokuthuthukisa lesi sikole kuphela kodwa nezikole ezine ezisondelene naso okuyiNqakathela High, iNtaphuka Primary, iKwaNompanda Primary neMakhawula Primary bazoba yingxenye yalo njengoba othisha balezi zikole bezoqeqeshwa bese beqhubezela lolu hlelo ezikoleni zabo.

UNkk Gwamanda uthe into ebakhathaza kakhulu yizingane ezingenabani eziphoqeleka ukuthi ziphathele izingane ezisemakhaya ukudla ezikuthola esikoleni.

U-KUHLE Cebekhulu ofunda uGrade 7 ekhombisa ukubaluleka kokongiwa kwamanzi Izithombe: PATRICK MTOLO